
# 1. Konke ngami

## Imibuzo ngaphambi kokufunda:

1. Ucabanga ukuthi le ndaba imayelana nani?
2. Nibangaki emndenini wakini?





Sawubona. Mina nginguLulu.

Ngubani osesithombeni?
Ngabe ukuphi nendawo uLulu?
Usekhaya noma usesikoleni.



9781779892027_m01_plt_lan_g01_bb_zul_za.indd 1 2025/03/15 19:58




NginguLulu Mabaso. Ngineminyaka eyi-6.



Ngowakwabani uLulu?
Uneminyaka emingaki uLulu?



9781779892027_m01_plt_lan_g01_bb_zul_za.indd 2 2025/03/15 19:58




La kusekhaya kithi. Lesi isitaladi sakithi.

Ubani igama lesitaladi sakubo kwaLulu?
Unjani umbala womuzi wakwaLulu?



9781779892027_m01_plt_lan_g01_bb_zul_za.indd 3 2025/03/15 19:58



# Laba abazali bami.

Ngobani laba abemi noLulu esithombeni esingenhla?
Wena uhlala nobani ekhaya?



9781779892027_m01_plt_lan_g01_bb_zul_za.indd 4 2025/03/15 19:59

# 2. Mina nabangani bami

## Imibuzo ngaphambi kokufunda:

1. Buka isithombe usho okubonayo?
2. Qagela ukuthi indaba imayelana nani?




Buka ngidlala ngamathoyizi ami.

Unaye na umngani? Ubani igama lakhe?
Umngani umuntu onjani?



9781779892027_m01_plt_lan_g01_bb_zul_za.indd 5 2025/03/15 19:59




Ngiyaxubha.




Buka ngiyazigeza.

Wena ugezwa ngubani uma uya esikoleni?
Uma sibuka lesithombe esingenhla ngabe uLulu uwongile amanzi? Yebo/Cha



9781779892027_m01_plt_lan_g01_bb_zul_za.indd 6 2025/03/15 19:59




# Sengigezile. Sesiyazijabulisa nabangani bami.

Bazijabulisa ngani abangani?

Uyabapha yini abangani bakho ukudla uma bekuvakashele? Yebo/Cha



9781779892027_m01_plt_lan_g01_bb_zul_za.indd 7 2025/03/15 19:59




Ngiyakwazi nokudweba. Laba abangani bami.



Ucabanga ukuthi uLulu udweba ini?
Kungabe uTeddy uzizwa edangele?



9781779892027_m01_plt_lan_g01_bb_zul_za.indd 8 2025/03/15 19:59